basic education

Department:
Basic Education
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

# SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

## ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

## IPHEPHA LOKUQALA (P1)

## 2017

**AMAMAKI: 70**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi ayi-13.**

**IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi | (30) |

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

3. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Dweba umugqa emuva kwesiqephu ngasinye.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe emibuzweni.

6. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

8. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

    ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50
    ISIQEPHU B: Imizuzu engama-30
    ISIQEPHU C: Imizuzu engama-40

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 Fundisisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

**KHETHA KAHLE ISIKHUNGO SEMFUNDO EPHAKEME**

1 Abafundi kubalulekile ukuba benze isiqiniseko sokuba bazinikeze isikhathi esanele sokwenza ucwaningo ngezikhungo zemfundo ephakeme abafuna ukufunda kuzo ngaphambi kokuphothula umatikuletsheni. Ukuzakhela igama elihle kwenyuvesi kubalulekile ngoba yikho okuheha abafundi. Okumele abafundi bakuqaphele ukuba bakwazi ukukhetha inyuvesi ekhiqiza ongoti bezifundo abafisa ukuzenza. Ukuba ngungoti kungatshengiswa ukuvelela emsebenzini owenzayo, uze ugcine usudume izwe lonke. Yilokho-ke okugcina kwakhele inyuvesi igama elihle uma umfundi okhiqizwe yiyona esefinyelela kuleli zinga. Abafundi mabangakhethi inyuvesi ngoba bezwe amahebezi kwabanye. Khumbula ukuthi abaqashi abakuqashi ngenxa yenyuvesi ofunde kuyo kodwa bafuna ubufakazi bokuthi ungakwazi yini ukwenza umsebenzi abakuqashele wona.

2 Akuphoqelekile ukuthi abafundi baye enyuvesi kuphela. Ziningi izikhungo zemfundo ephakeme abafundi abakhetha kuzona. Abafundi bangafunda emanyuvesi anikeza ulwazi olujulile, amanyuvesi ezobuchwepheshe kanye nezikhungo eziqeqesha abafundi ngamakhono ahlukahlukene. Amanyuvesi anikeza iziqu akuqeqesha uze ugcine ungudokotela. Abafundi abaya ezikhungweni eziqeqesha ngokwamakhono (TVET Colleges) bathola izitifiketi futhi baqashwa kakhulu la okwenziwa khona imisebenzi yezandla. Ukuze umfundi amukelwe enyuvesi kufanele abe nebanga le-12 kodwa ema-TVET Colleges bakuthatha ngisho unebanga lesi-9. Akhona namanyuvesi akuvumela ufunde usekhaya uma ufisa ukuqhubeka nokusebenza. Asikho isidingo sokuvuka uye esikoleni noma uqashe eduze nenyuvesi. Ngaleyo ndlela umfundi angazikhethela isikhungo semfundo ephakeme afuna ukufunda kuso, kuye ngezifundo nezidingo zakhe.

3 Abafundi bangazikhethela ukufunda ezikhungweni ezizimele noma kulezo zikahulumeni. Izikhungo ezizimele azivunyelwe ukuzibiza ngamanyuvesi, nakuba zihlinzeka ngemfundo esezingeni elicishe lifane namanyuvesi. Kubalulekile ukuthi abafundi baqiniseke ukuthi lezi zikhungo ezizimele zibhalisiwe emnyangweni wezemfundo nokuqeqeshwa ngaphambi kokuba babhalise kuzo. Kanjalo nezifundo abazikhethayo ukuba bazifunde kuleso sikhungo ababheke ukuthi leso sikhungo sivumelekile ukuqeqesha abafundi ngazo.

4 Kunamanyuvesi anophiko olulekelela abafundi ngokwezidingo ezinhlobonhlobo ezingaphakathi kuleyo nyuvesi. Kulolu phiko abafundi bathola ithuba lokwazi kabanzi ngezifundo abafisa ukuzenza nokuthi bangaphumelela kanjani ezifundweni zabo. La mahhovisi aphinde eluleke abafundi ngokwengqondo ukuze basizakale ngezinkinga ababhekana nazo okungabalwa ukudlwengulwa, izinkinga zobudlelwano kanye nezinkinga zasemndenini yabo abafundi. Lokhu kusiza ekutheni abafundi bangazitholi sebebhekene nengcindezi ezobaphazamisa ezifundweni zabo.

5 Abafundi abangenayo imali yokukhokha, bangaya ukuyoboleka imali kunoma yiliphi ibhange lakuleli. Abafundi bangaphinde bafake isicelo kwi-National Student Financial Aid Scheme kahulumeni, eboleka abafundi imali yokufunda. Lolu hlelo lokusiza ngezimali lenzelwe abafundi abangakwazi ukuthola imalimboleko ebhange noma umfundaze. Abafundi mabavakashele kwiwebhusayithi yalolu hlelo ukuze babone izikhungo ezinalolu hlelo nokuthi basifaka kanjani isicelo sokuboleka imali yokufunda. Izinhlangano ezinjengo-*Eduloan* nazo ziyabolekisa ngemali yokufunda. Lezi zikhungo ziboleka noma yimuphi umfundi ofisa ukuyofunda kunoma yikusiphi isikhungo sokufunda.

6 Amaphupho omfundi iwona awumhlahlandlela wokukhetha indawo azofunda kuyona ngoba kukhona izikhungo zemfundo ezisemadolobheni amancane noma emadolobheni amakhulu. U-Dkt. Nhlanhla wathi ukuyofunda edolobheni elikhulu kungayilola impilo yomfundi, aphume esekucijele ukuyosebenza edolobheni elikhulu. Abantu abangathandi impilo esheshayo kungabasiza ukuyofunda edolobheni elincane khona bezogxila ezifundweni zabo kahle. Impilo yasenyuvesi yehlukile kuneyasesikoleni. Kuba nzima uma usanda kuphuma emabangeni aphansi usuya enyuvesi. Imidlalo eyenziwa emanyuvesi ingasiza abafundi bazane kangcono uma besanda kufika. Abafundi abakhethe inyuvesi enemidlalo abayithandayo ukuze bazosheshe bathole abangani, bathole abantu abazofunda nabo baphinde bahlale nabo uma sebethathe ikhefu ezincwadini.

7 Into ozoyifundela akube oyithandayo nezokungenisela imali uma ususebenza. Ngakho-ke **khetha iziqu ozokuthokozela ukuzenza**. Uma ufisa ukuyofunda enyuvesi, isikhungo semfundo ephakeme ezimele noma enyuvesi yezobuchwepheshe, imiphumela yakho yebanga leshumi nambili yiyo ezosho ukuthi ungafundela, ungakhetha muphi umkhakha. Yiba neziqu ezahlukene emqondweni ongafisa ukuzifundela, bese ubheka izikhungo ezinalezi ziqu. Vakashela abakwa South African Qualifications Authority ku-SAQA.org.za ukuze ubone uhla lwezikhungo zemfundo ephakeme ongakhetha kuzona.

| | | |
|---|---|---|
| 8 | Faka isicelo namuhla. Akufanele abafundi balinde kuze kuphume imiphumela yebanga leshumi ngaphambi kokufaka isicelo sokuyofunda. Imiphumela le umfundi avele esenayo, ingamsiza ukubekisa isikhala. Uma ungalinda kuze kuphume imiphumela ungaba sengcupheni yokuthi ufice isikhala singasekho. Khumbula ukuthi <u>isuka muva likholwa yizagila</u>. | 85 |
| | [Icashunwe yahunyushwa ku-*Bona*, 20 Novemba 2016] | |

1.1.1 Yikuphi okumele kwenziwe abafundi ukuzilungiselela ukuya ezikhungweni zemfundo ephakeme? (2)

1.1.2 Shono ukuthi yini ebhekwa abaqashi uma befuna ukuqasha umuntu. Bhekisa impendulo yakho esigabeni soku-1. (2)

1.1.3 Nikeza OKUBILI okungumehluko phakathi kwamaNyuvesi anikeza ulwazi olujulile kanye nezikhungo eziqeqesha abafundi ngamakhono ahlukahlukene. (4)

1.1.4 Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo.

I-akhronimu yegama elithi National Student Financial Aid Scheme imele i …

A NSFAS.
B NSFSA.
C NSAFS.
D NFSAS. (1)

1.1.5 Chaza umqondo oqukethwe isigaba sesi-3. (3)

1.1.6 Humusha amazwi abhalwe ngokugqamile atholakala esigabeni sesi-7 ubhekise emqondweni wendaba. (2)

1.1.7 Kubaluleke ngani ukuba khona kwe-SAQA kuleli laseNingizimu Afrika? (2)

1.1.8 Kungabe kungumkhuba omuhle ukuba nabangani eNyuvesi ofunda kuyona? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.9 Ake uncome ikhono lombhali walesi siqephu ngokuphetha ngesimo sokukhuluma esidwetshelwe esigabeni sokugcina. (2)

**KANYE NO**

1.2 Bukisisa lezi zithombe zezikhungo zemfundo ephakeme ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**

1




2



3




[Zicashunwe kwi-Internet pictures of universities]

1.2.1 Nikeza amakhono AMABILI atholakala eMajuba college okuyisithombe sesi-3. (2)

1.2.2 Chaza kafushane okwenzeka esithombeni sesi-2 ukuyamanise nokubona esithombeni soku-1. (2)

1.2.3 Humusha ubudlelwano obuqukethwe ulwazi olutholakala esigabeni sesi-2 EMBHALWENI A kanye nalokho okukhonjiswe ezithombeni EZIKUMBHALO B. (4)

1.2.4 Hlaziya ngokuhlolisisa ukusetshenziswa kophawu lwamajuba olutholakala egameni lesikhungo i-Amajuba College. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) simayelana nabangani abangalungile bengane yakho.

**IMIYALELO:**

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nokumele kwenziwe abazali ukunqanda izingane zabo kubangani abangalungile. Sebenzisa amagama akho angeqile kwangama-80.
2. Fingqa ngesigaba.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

**UMBHALO C**

**ABANGANI ABANGALUNGILE BENGANE YAKHO**

Wonke umzali ufisa ukuthi izingane zakhe zikhule zikwazi ukwahlukanisa phakathi kokuhle nokubi. Lokho kuyazisiza izingane ukuba zikhule zinesimilo esamukelekile emphakathini.

Kunezimpawu umzali angabona ngazo uma ingane isinabangani abangalungile. Indlela yokugqoka, ukusebenzisa ulimi olungajwayelekile ukusetshenziswa ekhaya kanye nokuzithathela izinqumo ngokwayo ingabonisananga namuntu emndenini. Umzali kumele ahlale phansi nengane yakhe ayifundise imithetho yalapha ekhaya kanye nendlela okufanele igcinwe ngayo.

Yize izingane zinalo ilungelo lokuzikhethela abantu ezifisa ukuchitha isikhathi nabo kodwa akuvumelekile ukuthi ziziphathe noma ikanjani. Kungumsebenzi womzali ukuthi ayicele ingane yakhe ukuba ingachithi isikhathi nabangani abangalungile. Ukuchitha isikhathi nalolu hlobo lwabangani kungahlukumeza abanye abantu, abazali nayo ingane uqobo okungagcina kuphoqa umzali ukuba angenelele.

Abazali abaningi bahlale bematasatasa bengenaso isikhathi sokuhlala phansi nezingane zabo. Umzali makangabagxeki abangani bengane yakhe kodwa angayixwayisa ingane ngobubi bokuhamba nabangani abenza okungalungile. Lokho kungayenza ingane ibayeke ngokwayo labo bangani. Ukukhuthaza ingane nokukholelwa kuyo kungayenza ukuba ikwazi ukukhetha abangani abaqotho. Ngakho-ke ukuchitha isikhathi esanele nengane kungalekelela ekwakheni ubudlelwano obuhle.

Makube nohlelo olwaziwayo oluzolandelwa ingane nomndeni ekwenzeni izinto ukuze kuncishiswe isikhathi sabangani. Kudingeka ukuthi umzali acele usizo kwabanye bomndeni njengomalume, obabekazi noma kwabangaphandle okungaba omakhelwane nomfundisi webandla akhonza kulo. Ukuhluleka kwabo kungasho ukuthi sekudingeka izeluleko zabawufundele umsebenzi njengothisha, osonhlalakahle nabeluleki bezengqondo.

Alikho icala uma umzali ebaxosha abangani bengane yakhe uma esola ukuthi ubudlelwane babo obokududana ngezinto ezimbi. Kuyoba kuhle ukuthi umzali lowo angagcini ngokubaxosha abangani kodwa aphinde azise abazali ngalokho akusolayo ukuze kubanjiswane ekukhuliseni izingane ngendlela efanele. Umzali makabazi abangani bengane yakhe kanye nalapho behlala khona ngoba lokho kuyoba olukhulu usizo ngelinye ilanga. Lokho kungamsiza uma ingane yakhe ivele inyamalale ingashongo ukuthi iyaphi noma sekushona ilanga ingaqhamuki.

Izinga lobugebengu obenzeka emiphakathini selidlondlobele kakhulu esikhathini samanje. Umzali makayikhuthaze zisuka nje ingane ukuba isho ukuthi iya kuphi izobuya nini futhi iyokwenzani ukuze kugwemeke izinkinga ezingavela ekuhambeni kwesikhathi. Ngaphandle kwesizathu sezokuphepha kwengane, ukwazi ukuthi uhambo lwengane lumayelana nani kungasiza umzali ekutheni anqume ukuthi angayivumela noma angayivumeli ingane yakhe ukuthi ihambe.

Isaga esithi libunjwa liseva siqwashisa ngokuthi isimilo somuntu silolongwa esemncane engakangeni obishini. Kubanzima ukulungisa isimilo esesiphumile vele esandleni. Akukho okutheni okungashiwo umzali enganeni esivele ikhohliswe abangani. Lezi zinyathelo ezingenhla kumele abazali baziqikelele zisuka amadaka ngoba amanzi achithekile awanakubuthwa.

[Sicashunwe sahunyushwa ku-*Bona*, Novemba 2016]


**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

### UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)




[Sicashunwe sahunyushwa ku*Bona*, Septhemba 2016]

3.1 Phinda ubhale igama elidwetshelwe laseAfrika esikhangisweni ususebenzise ubhalomagama olufanelekile. (1)

3.2 Chaza kafushane ukuhambelana kwesiqubulo salesi sikhangisi kanye nobuso bomlisa osesikhangisweni. (3)

3.3 Kungani umkhangisi esebenzise ifonti engafani egameni wina kanye nemiklomelo ezotholakala kulo mncintiswano? (2)

3.4 Iyini inhloso yokusetshenziswa kwenkundla yokuxhumana kulesi sikhangisi? (2)

3.5 Uyavumelana yini nombhali walesi sikhangisi uma ethi leli holidi elizotholakala uma uthenga lo mkhiqizo liyivelakancane? Sekela impendulo yakho ubhekise kulesi sikhangisi. (2)
**[10]**

## UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

### UMBHALO E (UMBHALO OFUNDWAYO NOBUKWAYO)




[Sicashunwe sahunyushwa kwiFunny Cartoons.com]

4.1 Yikuphi okukhombisa ukuthi lo muntu ophethe ingane akanalo uzwelo? (1)

4.2 Chaza kafushane ngokuqhantsha komjuluko kanye nokunyuka kwamashiya ebusweni balona olengise ingane. (3)

4.3 Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo.

Imigqa eseduze kwezandla zengane ikhombisa ukuthi le ngane …

A iyaphila.
B iyadlala.
C iyakhala.
D iyanyakaza. (1)

4.4 Chaza ngempumelelo yomdwebi yokuhlekisa ngabantu abathanda izinkundla zokuxhumana ubhekise kule khathuni. (3)

4.5 Phawula ngenkulumo yowesifazane ukhombise ubudlelwane bakhe kanye nalo mntwana asanda kumbeletha. (2)
**[10]**

## UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO F**

**IZINDAWO ZOKULONDOLOZA EZIYIGUGU ZASEMANDULO**

Kunezindawo ezahlukahlukene zokulondoloza izinto ezingamagugu kaZulu.Ukudla okuvunwe emasimini kugcinwa **e**zinqoloban**eni**, njengommbila, izigubhu zezinselwa, amathanga, amabhece namabele ukuze kulondeke isikhathi eside. **Ithala** lingesinye sezilondolozi ezisemqoka. Ithala lelukwa ngezintambo futhi lelukelwa phansi njengesihlandla. Liphanyekwa phezulu emsamo. Laphaya emsamo kubekwa kulo imikhusu, ukudla, izimpontshi kanye nezinye izimpahla zendlu. Enye indawo ecishe ifane nethala okugaxwa kuyo ibizwa ngomgibe. Yakhiwa ngentambo eboshelwa ezintingweni.

Indawo egcina ukudla ibizwa ngokuthi inqolobane. Inqolobane yakhiwa abesilisa nabesifazane ngokuhlanganyela. Ithi ayifane nendlu ukwakhiwa kwayo, ukuthi yona ayimbelwa siza esitheni. Iyaphakanyiswa ime phezu kukabamba wezingodo. Phela lezi zingodo zikabamba yilona phansi lenqolobane, elimiswe phezu kwamabhaxa ayiphasile. Phansi iyaphicwa, phezulu ifulelwe ngotshani. Lokhu kwakhiwa kwayo kuyenza iheleze umoya ukuze ukudla kugcineke kahle kungonakali. **Izichaka zaziye zikuntshontshe ukudla okubekwe kulezi zinqolobane**.

Okunye ukudla okufana nombila kugcinwa emgodini. Lo mbila ubizwa ngesangcobe noma upata. Ukumba umgodi kungumsebenzi wabesilisa. Lo mgodi umbelwa esibayeni endaweni enetshe lomgubane ukuze ukudla kungaswakami. Umgodi uba nomlomo omncane olingene ukungena komuntu, usuzokwanda ngesisu ube mankumbunkumbu.

[Icashunwe ku-Bayede, 3 kuLwezi 2016]

5.1 Nikeza umqondo oqukethwe izakhi ezibhalwe ngokugqamile emgqeni wesi-2. (1)

5.2 Nikeza igama elikhomba ukuhlonipha elidwetshelwe emgqeni we-18. Phinda ulisebenzise lelo gama emshweni ozakhele wona ukuze kuvele ukuthi uyayiqonda incazelo yalo. (2)

5.3 Khipha imisho eqondile eyakhe umusho ombaxa odwetshelwe emgqeni wesi-4 kuya kowesi-5. (2)

5.4 Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo.

Igama elidwetshelwe emgqeni we-12 lenze umsebenzi wokukhomba …

A eduze.
B kude.
C buqamama.
D phezulu. (1)

5.5 Umusho obhalwe ngokugqamile otholakala emgqeni we-14 kuya kowe-15 ukhomba ukubukela phansi omunye umuntu. Phinda uwubhale lo musho ususebenzise ulimi olufanele. (1)

5.6 Sebenzisa igama elibhalwe ngokugqamile emgqeni wesi-3 emshweni ozakhele wona selinikeza umqondo ongafani nosesiqeshini. (1)

5.7 Khipha amagama amabili alandisayo asendleleni esabizo esigabeni sokugcina. (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha